


## Want to become an Idol?

Are you an aspiring model? Would like publicity but have not had a chance? Khanyisa Weekly Newspaper will put you in the Lime Light.

If you would like to appear here, call us on 078 221 0398, email: admin@khanyisamedia.co.za
Fax: 086 505 0060
Join us also on Facebook.


# KHANYISA JOKES

**Laughter is the best medicine.**

.A guy went for an HIV test on a Friday. He was asked to come back on Monday for his results. On Sunday when he was at church, the Pastor began to pray; "May all the things you receive this week be positive." The guy stood up and shouted, "Uyanya Mfundisi!"

---

.Ubaba ehleli exoxa nengane zakhe ekhaya.

**Indodakazi:** Baba ngisothandweni nenye intombazane.

**Baba:** Yebo ndodakazi yami ngiyakuzwa kodwa………

**Indodakazi yesibili:** Baba nami ngokunjalo ngiyinqingili.

**Baba:** Nkosiyami! Kanti kulomndeni akukho othandana nabafana na?

**Indodana yakhe:** Yimi baba!

---

.Izibongo zamabhunu:

Elinemali endlu GELDENHUIS
Elafeyila ngoJune VILJOEN
Elingasonti VAN NIEKERK
Elinetotoza enkulu VAN TONDER
Elithanda ikhekhe De KOEK
Elilidla ngempela ikhekhe lingalidlalisi KOEKEMOER

---

.Lalelani kahle mantombazane.

Please, aniwatholi nje amadoda a right yizindaba zokubhayiza. Qaphelani okulandelayo.

*Musani ukuvuma ukushelwa emini ka bha! Amadoda angempela asuke esemsebenzini. Nizogcina nidlala o CEO no MD bama company angena lutho. Bhekisisa after 5pm.

---

*Gwemani u kweshelwa yindoda egqoke ishort or itrackpant no phaca on Monday. Kwakundodani yona leyo ?

*Anobaleka nizephule uma nimiswa yindoda ekubiza ngo dali noma , umabhebeza, yinkabi leyo.

---

*Kukhona okushaya amanzi ngendoda ethanda ukuphuza ikhothi kabeer, indoda enezinyo legolide nendoda egqoka i leather jacket,i bhuluke le-leather ku worse, kazi liwashwaphi.

---

*Indoda kumele ibe nokunye kwaloku: makakwazi ukukhuluma isingisi(unless ku bhaxulana oxamu nawe ungasazi)akakwazi ukudla nge fork and knife,makabe ne matric,makabe ne driver's license noma anganayo imoto.

---

* Indoda yangempela kumele iqhelelane nokubiza lamagama njalo : UMA WAMI ,UMA KABHOYI,NGIWOMILE,NGINE NYONGO,BENGIDAKIWE,etc.

---

*Ngeke uyinuke indoda eright e joyintini, eteksini,ehontshini,

# Uzophumelela Nawe

**By Sunyboy Motloung**

Uzophumelela Nawe

Sesenzakele isimo esibuhlungu empilweni yakho kulonyaka ondlule, azange uphatheke kahle. Uwuqamule ngaphandle kwenjabulo, zange uphumelele esikoleni. Nawe ungomunye bowuzimisele ukuphumelela njengabanye kodwa akwenzekanga.

Kodwa ukungaphumeleli kwakho kulo nyaka ondlule, akusho ukuthi sekufanele ulahle ithemba. Izinkulumo ezingezinhle ozizwayo ngawe sebekubiza ngamagama angemahle, nasekhaya sebafuna ukulahla ithemba ngokungaphumeleli kwakho, nawe uyoba uzibona uyisiphukuphuku, uzibona ungumuntu ongaphumeleli , usuqabanga okuningi. Kodwa ngiqela ukusho loku kuwe. Wonke umuntu uyawenza amaphutha, wonke umuntu kuyafika kuye izimo ezingezinhle, kodwa lezo zimo, lobo buhlungu abuzanga ukuzohlala empilweni yakho yonke, kuzondlula ngoba yonke into inesikhathi ezimpilweni zethu.



Ukuhluleka kwakho akube yisifundo empilweni yakho esizokumukisa empumelelweni.

Lo unyaka wakho wokuphumelela ngako thatha izinkulumo ezingezinhle ngawe uzenze zibe zinhle. Kulonyaka ungakwenza okuhle empilweni yakho, hlela konke ngendlela yempumelelo. Ngaphakathi kuwe uNkulunkulu wafaka impumelelo, wafaka isibindi sokuba yiqhawe, futhi wafaka ukunqoba.

Vusa konke loko, uzophumelela kulonyaka. Funda ngamandla, futhi hlukanisa abantu ozohamba nabo nezinto ezikuphazamisayo. Abantu abavala impumelelo yakho ngezinto ezimisa ukunqoba kwakho kususe konke loko. Okwenzakele kuwe, ukungaphumeleli kwakho, akube yisikhumbuzo sakho sokukukhuthaza, nokunqophelela,nokulungisa izifundo ongazibhalanga kuhle.

Ungahlali ekungaphumeleleni kwakho kuzokulimaza loko. Yenza wena kulonyaka, yenzela impumelelo yakho, ikusasa lakho, konke loku kudinga wena wedwa ayi abantu abangakufiseli okuhle. Ngiqela ubuyele esikoleni, akukapheli ngempilo yakho. Yazi ukuthi uNkulunkulu akakulahlanga futhi akusikuthi uNkulunkulu akakuthandi wena, qa akusilona iqiniso lelo.

UNkulunkulu unawe, methembe, khuleka ngamandla, vula inhliziyo yakho umncuse kukho konke. Angeke akushiye, uyayazi impulelelo yakho, uyayazi injabulo yakho, uyilungisile ukukunika wena.

Akukakasi isikhathi sokuhluleka, ungalilahli ithewela. Uma uNkulunkulu angakuwe, ngubani ongamelana nawe na? Akukapheli ngempilo yakho.

# Kusinwa Kudedelwana

**By Landiwe Mngomezulu**

## SUKA SIHAMBE

**Isigaba Sokuqala**

Kusekuqaleni konyaka, yonke into iyaqala, ikakhulukazi lesi yisikhathi sokuthi sibuyele ezikolweni. Ngakho ke ngiyathanda ukucebisa mayelana nalesisikhathi esibaluleke kangaka empilweni yezingane zethu.

Ngithanda ukubongela labo abathe baphumelela ezifundweni zabo ezindlule nalabo abathe baphumelela ibanga leshumi. Ngithanda ukuthi kulabo abangaphumelelanga, impilo isaqhubeka futhi ikusasa liqakazile ( lapho kunecebo indlela ikhona ). Ngithanda ukujulisa ulwazi lwami mayelana nokuphumelela. Kumnandi kakhulu ukuphumelela umangabe kunabantu abakusekile ngezindlela zonke, njengokuthi bakuyale, bakukhuthaze ngendlela eya empumelelweni, bakuseke ngakwezezimali nangokuthi lapho uhamba khona uyobhekana nempilo, kube nabantu ohamba nabo ngosuku lwakho lokuqala enyuvesi. Lokho kwenza ungazizweli ulahlekile lapho usungena esigabeni sempilo ongasijwayele.

Kuhle kakhulu ukuthi abafundi bebanga leshumi basheshe bafune indawo enyuvesi, emva kokuthola imiphumela yamaphakathi nonyaka ukuze kuthi nxa kufika imiphumela yokuphela konyaka indawo ibe isilungisiwe. Sibonile kumabonakude emavikini ambalwa andlulile ukuthi abafundi abazobhalisa okokuqala ibimide kakhulu kwalimala abantu besunduzana bafuna ukubhalisa ngenxa yokungalungiseli isikhathi sisasekhona. Kanti zikhona izindlela ezingcono njengokuthi ubhalise ku Internet.Ngiyanxusa kakhulukazi kothisha bebambisene nabazali ukuba baqhuqhuzele izingane ukuthi zibhalise isikhathi sisekhona lokho kuzogwema izinkinga.

Abazali nabo badlala indima enkulu ekutheni kubekhona imali elingene yokufundisa izingane ukuze izingane zithole ezikufisayo empilweni,kanti futhi sekunemifundazwe eminingi engahle iseke abafundi ezifundweni zabo njenge NSFAS. Ingumfundazwe okufundisa bese umfundi ezikhokhela uma esesebenza. Kukhona i Edu-Loans lapho kubhekwa khona iholo lomzali bese kudonswa kulo kancane kancane aze aqede ukukhokha

Ziningi izinto umfundi angahlangabezana nazo maqondana nosiko-mpilo lwasenyuvesi , yize izingane ziphuma emakhaya nasemphakathini ehlukahlukene, abanye babuya emakhaya ,elokishini, nasedolobheni ,abanye badla imbuya ngothi kanti abanye badla izambane likapondo. Akukhomqoka ukuthi uphuma kuphi, khepha okusemqoka kakhulu uma usenyuvesi ukuthi ungakhohlwa lapho uvela khona kanye nemfundiso yabazali bakho inhlonipho, ukuzithanda, ukuzinakekela,ukubekezela kanye nokuthanda umakhelwane njengoba uzithanda wena

Elokugcina yazi okuzele enyuvesi ungathathwa udumo lwesikhashana nobumnandi obuphelayo, iba yilokho ofisa ukuba yikho, yenza impilo ibe ngcono futhi ngesikhathi uyophumelela. Gwema utshwala nezi dakwamizwa nakokonke okungahle kukhinyabeze ikusasa lakho. Qinisela ezifundweni zakho nasekuziphatheni kahle, ekugcineni uzowuzuza umqele wakho okuyi Diploma noma i Degree.